# *Unya LweSono, NeNhlawulo Esayibizayo UkuSusa iSono EziMpilweni Zethu*

Ngiyabonga, Mfowethu Thom. Ungayivula leyonto encane konke ukuzwakala kwayo onakho lapho, uma uthanda. Cishe impela ngaphuma ngokwehlela lapha kulobu ubusuku. Ngibe nomkhuhlane. Futhi ngethembise ukuba lapha. Futhi ngathi, kuMfowethu Neville, ukuba atshele uMfowethu Cox ukuba enyuke futhi amtshele. Ngathi, "Tshela uMfowethu Neville ukuba aqhubeke futhi abe nenkonzo, ngoba ngishe izwi kakhulu. Kul'khuni ukuthi ngiklwiklwize."

2 Futhi uthe, uyabuya wayesethi, "Kungcono wenyuke, Mfowethu Bill. Ngikholwa ukuthi kuzoba yinto enhle." Ngakho, ngi—ngihlala ngivuma njalo ukwenza uhlobo oluthize lomzamo. Uma u . . . Ngishe izwi kakhulu ukuba ngishumayele kini, kodwa ngingakhuluma nani isikhashanyana nje, ngosizo lwalensinjana encane ewusizo lapha. Ngi . . .

3 Ngaso sonke isikhathi uma ngifika eIndiana, ngisha izwi. Angazi ukuthi kungani, kodwa ngi—ngiyakwenza, ngaso sonke isikhathi, ngiphathwa umkhuhlane. Kuphansi kakhulu khona lapha phakathi. Ngithi gqi ezansi phakathi lapha, futhi nje kubukeka sengathi angikwazi nje ukuphuma kukho. Ngiyakhuleka, kubukeka sengathi kuyafika noma kanjani. Kodwa—kodwa ngihlala njalo ngenza okungcono kunakho konke engingakwenza ngalokho enginakho engingakwenza ngakho. Ngakho yileyondlela ebengizama njalo ukuyenza, okungcono ukwedlula konke engingakwenza. Yilokho kuphela uNkulunkulu akuhloniphayo . . . akubhekile, njalo, ngiyaxolisa; yilokho kuphela Akubhekile.

4 Manje ngethemba ukuthi i—iNkosi yethu izonibusisa nonke futhi izonipha isibusiso esikhulu kuyo yonke lenkonzo, lolu oLwesihlanu, uMgqibelo, neSonto. Izinkonzo zizoqhubeka kulobubusuku, kusasa ebusuku. Akunjalo, Mfowethu Neville? [UMfowethu Neville uthi, "Yebo."—Umhl.] Iqhubeka njalo nje kusasa ebusuku.

5 Ngifanele ngehlele lapha, bese-ke ngisuka lapha futhi ngiwele futhi ngikhulume neqembu lezithunywa zenkolo eliseLouisville. Ngicabanga—ngicabanga ukuthi ziphakathi kokuthi ziyishumi nesikhombisa noma zingamashumi amabili-nesikhombisa izizwe ezimelwe kulowombuthano wezithunywa

zenkolo. Bebefuna mina ukuba ngibe nemizuzu embalwa ngalapho kusasa ebusuku. Nge Sun- . . . NgeSonto ekuseni yi . . .

6 Kuyini na? [Indoda ithi, "Ungayikhulekela lendoda khona lapha manje na?"—Umhl.] Beka isandla sakho phezu kwakhe ngqo, mfowethu.

7 Baba wethu waseZulwini, siyakhuleka eGameni loMntwana waKho othandekayo, uJesu, ngalesisikhathi nje, ukuba isihawu saKho selulelwe kithi kulobubusuku, ngendlela yokuphilisa umfowethu, indoda ehlezi lapha ebonakala igula kakhulu ngalesisikhathi. Wena wathi, "Vumani amaphutha enu komunye nomunye, futhi nikhulekelane ukuze niphiliswe." Futhi ngikhulekela kanye nalababantu kulobubusuku, eGameni leNkosi uJesu, ukuthi Uzophilisa umfowethu ngalesisikhathi. Njengoba umfowethu ema lapho nezandla zakhe zibekwe phezu kwayo, zimele izandla zeNkosi yethu uJesu, futhi thina kanyekanye sihlanganisa imikhuleko yethu futhi siyithumela kuWe, eGameni likaKristu, ukuthi umfowethu makasinde masinya kulokhu ukugula anakho. Amen.

8 INkosi ikubusise, mfowethu. Nonke mnikezeni umoya omncane. Uthe nje ukuqhineka kancanyana. Ngani, mdedeleni aphumele phandle. Uma ufuna ukuphumela phandle, mnumzane, ngani, qhubeka impela uzitholele isihlalo kwingemuva lendlu lapho, lapho othola khona ukushaywa wumoya.

9 Manje, iNkosi uJesu izazi zonke izinkathazo zethu. Ingumthwali wemithwalo yethu.

10 Futhi manje ngeSonto ekuseni, kusesekuseni, ngelesithupha nqo, inkonzo yokuphuma kwelanga. Bangaki kothanda izinkonzo zokuphuma kwelanga ngePhasika na? Sibheke isibusiso esikhulu. Ngakho manje-ke, uma iNkosi ithanda, ngizoba nezinkonzo zokuphuma kwelanga; kusukela kwelesithupha kuze kube elesikhombisa. Bese-ke nibuyela ekhaya lenu ekudleni kwenu kwasekuseni, nibuye. Futhi ligamenxe elesishiyagalolunye, inkonzo kaSonto sikole ejwayelekile, uMfowethu Neville uzoba lapha. Masinya emva kwenkonzo kaSonto sikole, ngizoba nezinkonzo zombhaphathizo zalabo abazobhaphathizwa, ekuseni ngeSonto lePhasika.

11 Uma ungakabhaphathizwa ngokucwiliswa, futhi ufisa kanjalo; futhi ungumKristu, okholelwa ebuNkulunkulwini buka—bukaJesu Kristu eyiNdodana kaNkulunkulu; futhi ufuna ukuthatha indawo yakho—yakho enhlanganyelweni, ukuba ubhaphathizwe, singajabula ukuba sibe nawe lapha ekuseni ngePhasika, cishe ligamenxe eleshumi, ukubhaphathizwa ngokucwilisa. Uphathe izingubo zakho. Uma ungenazo, kusobala, ngani, ikakhulukazi abesifazane, banazo izingubo ezishaya phansi phakathi lapho, osayizi abehlukene

bamanenekazi. Angicabangi ukuthi banazo okwamanje ezawo wonke owesilisa. Kodwa si . . . sijabula kakhulu ukuba sibe nani lapha kanye nathi ekuseni ngePhasika.

12 Bese kuthi-ke ngeSonto ntambama yinkonzo yomngcwabo, yothize obehlala ngaphandle ezweni, noma kwenye indawo ukusuka lapha, obe . . . Ngikholwa ukuthi waphenduka lapha ekushumayeleni kukaMfowethu Neville lapha esikhathini esithize esedlule. Ngikholwa ukuthi igama nguEast, noma elithize elinye. Bangibiza emngcwabeni wasekhaya base becela ukuthi singafika yini mina noMfowethu Neville nesigejane sethu futhi sicule futhi sibe nezinkonzo zangeSonto ntambama, ngelesibili nqo, eMottaz Funeral Home.

13 Angilikhumbuli inenekazi, uEast, uYast noma uEast. Abaningi benu bakubonile ephepheni, ngiyethemba, kulobubusuku. Futhi . . . [Udade uthi, "Mfowethu Bill?"—Umhl.] Yebo. ["Lowo bekunguEdna Justice; ubevamise ukuza lapha izikhashanyana impela."] UEdna Justice, ningahle ukuba niyamazi. Mhlawumbe ungowesifazane osemncane. Unguye? Kunjalo, dade na? ["Amashumi amabili-nesishiyangalolunye. Ehhe."] Owesifazane osemncane. Ngikholwa ukuthi ba . . . Unina ubengibiza wayesethi ushiya abantwana ababili noma abathathu abasebancane. Lokho kubi kakhulu.

14 Kukhombisa nje ububi ba—balempilo esazokufa, akunjalo na? Kodwa e . . . Uma ubekuKristu Jesu, usengcono kakhulu, kulobubusuku, kunanoma yimuphi umuntu ohlezi kulendlu. Uvele nje wahamba wedlula esigodini sethunzi lokufa lapho bonke abasazohamba khona. Futhi ngelinye ilanga wena nami siyodingeka sihambe uhambo ngaleyondlela, futhi, kodwa asiyikuwela iJordane sisodwa, ngokuba UnguMsindisi wethu. Ngakho si—si . . .

15 Uma ufisa ukuza eMottaz Funeral Home, eseMgwaqeni uMaple, phakathi kweWalnut ne . . . Qhabo, ngikholwa ukuthi nguMgwaqo uLocust noWall, ngakwesokudla uma uya ngasentshonalanga. I . . . Angazi ukuthi ikuphi eyabo . . . Ithini inombolo yalowo? [Omunye uthi, "221."—Umhl.] 221. Yilapho iScott neCombs Funeral Home endala eyayikhona, ngisemncane. Futhi leyo eyangeSonto ntambama, futhi ngelesibili nqo.

16 Bese kuthi-ke ngeSonto kusihlwa, yizinkonzo ezejwayelekile zePhasika lapha futhi. Mhlawumbe sizobe sishumayela ngo—ngokufa, ukumbelwa, nokuvuka, eyangeSonto ebusuku. Futhi asazi nje ukuthi iNkosi yethu izokwenzani okweviki elilandelayo okuzayo, noma izinkonzo ziyoqhubeka yini, kumbe yini nje, okweviki elizayo. Sethemba ukuthi nonke nizo—nizoba lapha ngeSonto, eningabakhona.

17 Ngiyabazi abaningi babashumayeli macala onke. Othize ungitshele ukuthi uMnu. Fuller ube lapha, owayevamise uku . . . noma ukuza emihlanganweni yethu. Ngabe umlisa ukhona

lapha na? Mfowethu Fuller, awusuye umlisa owayevamise ukungithatha, eNew York, ungiyise ezindaweni ngezindawo, ngiya ezansi emhlanganweni? Ngiyajabula ukukubona, Mfowethu Fuller. INkosi ikubusise.

18 Ngase-ke ngibona omunye umfundisi omncane lapha u—uMfowethu Thom obengamazi. Angisazi ngisho isibongo somfana, ngiyazi ukuthi bambiza ngoJunior emuva lapho. Jackson, Mfowethu Jackson, Junior Jackson, phakamisa isandla sakho sokugcina nje, Mfowethu Jackson. Siyajabula ukuba ubenathi. Ungowasezansi ngase-Elizabeth, ibandla leMethodisti ezansi lapho, lapho engizobamba khona inkonzo ngithi masinya impela, iNkosi ithanda, ngaphambi kokuba sibuyele ensimini.

19 Manje ubizo olukhulu oluya eIndia. Nakho konke kuya ngokuminyana kuminyana, nsuku zonke. Ngikhulekeleni.

20 Manje, kulobubusuku, lolu ngoLwesihlanu lukaGudi. Ngubusuku lapho okuthi si . . . O, ngiqagele, eJerusalema, ngalesisikhathi, kuse . . . ilanga ngithi seliphume kahle impela manje, ngoMgqibelo ekuseni. Kodwa usuku lonke, abantu kade egaqa enyuka ngaleyondlela yezinyawo endala lapho khona isiphambano sasihuduleka lapho okwakukade kuhamba khona izinyawo ezinegazi zomthwali; izinyembezi zihlupha imiphefumulo yabo, bekhala. Izindlu zamasonto eziningi ezinkulu ezinezihlalo zababhishobhi, njalonjalo, namhlanje, zigubhe umkhosi walesisikhathi sesikhumbuzo esikhulu. Uma sake sabakhona isikhathi lapho izwe lifanele khona ligubhe umkhosi, kumanje, kulelihora lenkathazo.

21 Futhi angazi noma udadewethu, ngibona lena encane, iogani endala lapha . . . Ngi—ngiyayithanda iogani. Ngiwuhlobo lwefeshini endala nje. Futhi a—angazi noma besingeyithole yini indlela yalelo:

> Jesu, ngigcine eduze kwesiphambano.

22 Elinye nje lalawo amahle, ayifeshini endala, amaculo enhliziyo esasivamise ukuwacula kudala. Futhi angazi noma sonke singajoyina kulelo. Ngiyalithanda.

> Kukhona umthombo oligugu,
>
> Ukhululeke kubo bonke, umfudlana wokuphulukisa,
>
> Ugeleza uvela entabeni yaseKalvari.

23 Bangaki olaziyo ivesi lalo, empeleni? Kulungile, lijoyineni kanye nami impela manje. Futhi manje asehlise nje amakhethini macala onke kithi, bese sibeka imiqondo yethu eminyakeni ethize engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula, kulentambama. UMhlatshelo onje pho! Izwe alikaze lazi lutho olunjengaleyonto. Kwanyakazisa umhlaba wonke! Futhi manje anifuni ukuhlala eduze kwaleyondawo, lapho khona enisendaweni yenhlanganyelo nezibusiso naYe na?

24 Asilicule sonke manje, indlela yefeshini endala nje, manje, ninga . . . nje—nje indlela obungalicula ngayo ngesingawe manje. Kulungile. Mfowethu Thom, ngisize ekuliholeni, uzokwenza? Anginalo iphimbo kangako manje. Futhi manje-ke, kulungile. Kulungile. [UMfowethu Robert Thom uyasiza ekuculeni u *Eduze KwesiPhambano*—Umhl.]

> Jesu, ngigcine eduze kwesiphambano,
> Lapho umthombo oligugu,
> Ukhululeke kubo bonke, umfudlana wokuphulukisa,
> Ugeleza uvela entabeni yaseKalvari.
>
> Esiphambanweni, esiphambanweni,
> Yiba yinkazimulo yami njalonjalo;
> Uze umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
> Ukuphumula ngaphesheya komfula.

25 Nisakhothamisa amakhanda enu, uma nithanda, asilihamishe nje kancane impela manje. [UMfowethu Branham nebandla baqala ukuhamisha u *Eduze KwesiPhambano*—Umhl.]

> Eduze kwesiphambano ngiyoqapha . . .
> Ngethemba, nginethemba, njalonjalo,
> Ngize ngifike ogwini lwegolide,
> Ngaphesheya komfula nje.

26 [UMfowethu Thom uyaqhubeka nokuliculela phansi ikhorasi futhi, *Eduze KwesiPhambano*—Umhl.]

27 Angazi noma nje ubungafuna ukuba nje manje . . . Akukho-muntu owakwenzela khona. Angazi noma ubungeke yini nje . . . ubungefune yini ukuphinde uyehlukanisele uKristu impilo yakho, futhi, "Nkosi, ngikhumbule. Ngiyakubonga okwaKho . . . ngokhathele, nozwa ubuhlungu, wopha, ufela mina. Angifanele, kodwa ngizodedela isandla sami siphakame manje, Nkosi, futhi Uzongibona. Ngifuna impilo yami iphinde inikelwe." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kulungile. "Ngifuna ukuphinda ngizinikele kuWe njengamanje, Nkosi, ngalobubusuku bangoLwesihlanu lukaGudi." UNkulunkulu akubusise.

28 Baba, ngikhulekela ukuthi Uzozibusisa laba abaphakamise izandla zabo, nalabo abangazange babenaso ngisho isibindi sabo sokukwenza. Sikhulekela ukuthi Lowo owenele konke, kulobubusuku, uzobabusisa bonke.

29 Sicabanga ngeKalvari, uNkulunkulu, uMsindisi wethu, walala ehlazweni; wehliswa, wanikelwa ezandleni zendoda enothile eyathatha umzimba waKhe, emva kokunxusa uPilatu; wawuthatha wase ewusonga ngelineni elihlanzekileyo, ukuba awubeke ethuneni. O Nkulunkulu, ingabe bezwa kunjani nje labobafundi bandla; kwabonakala sengathi behlulwa ngalesosikhathi. Lo ababekade bemethembe kangaka, manje

wayesehambile, kodwa hhayi isikhathi eside. UMhlatshelo owophayo nje, kwakuyilokho kuphela. Ngelinye ilanga, emahoreni ambalwa kamuva, Wavuka kwase-ke kufika injabulo.

30 Sisize, kulobubusuku, Nkosi, njengoba sikulenkathi yonyaka, kwangathi kungaba phezu kwethu, ukuthi sizokubona ukuzwa ubuhlungu okwakhokhwayo kokuhlengwa kwethu, ukudabuka okwakhokhwayo ukuba thina sijabule. Futhi kwangathi imiphefumulo yethu. . .Kulobubusuku, Nkosi, kwangathi singazehlukanisela Wena, nemiphefumulo yethu ibe-lusizi, ukuba sibuke ngaphesheya futhi sibone kunjani, O Nkulunkulu, kungukufa okwesabeka kanjani. Kufanele ukuthi isono sasinonya kanjani! Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosibusisa kanyekanye manje.

31 Futhi ngisize Wena, O Nkulunkulu, njengenceku yaKho emi lapha nephimbo elingaphilile neze, nabantwana baKho belindele ukuzwa okuthize okuvela eZwini. Ngisize, Nkosi, futhi qhekeza iZwi lokuPhila, ngokukhululeka, kuwo wonke umuntu, njengoba siphinda sinikela izimpilo zethu nezinhliziyo zethu. Izinyembezi zezinhliziyo zethu ziqathakela phansi, ngokujulile esifubeni sethu, uma sicabanga ngoMhlatshelo. Sisize manje, ngokuba sikucela eGameni likaKristu. Amen.

32 Nje ngifuna ukufunda kancane manje uma nizonginaka okwesikhashanyana, futhi ningikhulekele. KuIsaya, isahluko 53.

33 Mhlawumbe thina, namhlanje, sizwile ukusakazwa emsakazweni, njalonjalo.

34 Bengicabanga ngoKristu nje namhlanje. Akuvumanga ukuthi ngingaphumi ngiye ndawo ndawo futhi nje ngiguqe phansi. Futhi nje ngize ngakhala izinyembezi, ngenkathi ngicabanga nge. . .ngenkathi umqondo wami ubuyela emuva ukubona ukuthi kwenzekeni lapho eKalvari.

35 Angikwazanga ukuthi ngizwe noma yiluphi lwezinhlelo zomsakazo, kodwa mhlawumbe bashumayele okuvela eVangelini. Futhi mhlawumbe kusasa ebusuku sizosondela kukho ngakuleso simo.

36 Kodwa, kulobubusuku, asibuyele eTestamenteni eLidala. Ngifuna ukukhuluma ngokuthi: *Unya LweSono, NeNhlawulo Esayibizayo Uku—UkuSusa iSono EziMpilweni Zethu.* KuIsaya 53, umprofethi, egcotshiwe, eminyakeni engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokufika kweNkosi, washo lamazwi.

> *Ngubani owakholwa ngesikuzwileyo?. . .ingalo yeNKOSI zambulelwe-bani na?*

*Ngokuba iyakukhula njengehlumela phambi kwakhe, na . . . mpande emhlabathini owomileyo: ayinasimo nabuhle; nalapho siyibuka, ayibukeki ukuba siyibuke.*

*Idelelwa ilahlwe ngabantu; umuntu* wenhlupheko, . . . *elujwayele uhlupho: yeyiswa; injengosithezelwa ubuso ngabantu, asiyishayanga-nto yalutho.*

*Kepha yasithwala isifo* s*ethu, yabuthatha ubuhlungu bethu: kodwa thina sathi ijezisiwe, ishaywe nguNkulunkulu, ihlushiwe.*

*Kodwa yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu: umvimbo wokuthula kwethu wawuphezu kwayo; nangemivimbo yayo siphilisiwe thina.*

*Thina sonke sidukile njengezimvu; yilowo nalowo uphendukele endleleni yakhe; iNKOSI . . . yehlisela phezu kwayo ububi bethu sonke.*

*Yacindezelwa, kepha . . . yathotshiswa, . . . ayivulanga umlomo wayo: nje—njengewundlu eliyiswa ekuhlatshweni, nanjengemvu ethule phambi kwabagundi bayo, ayiwuvulanga umlomo wayo.*

*Yasuswa ekuboshweni nasekwahlulelweni: . . . ubani oyakusisho isizukulwane sayo na? ngokuba yanqunywa ezweni lababphilayo: ishaywa nge*ziphambeko *sabantu bami.*

*. . . ithuna layo yalenza kanye nababi, yayinabacebileyo ekufeni kwayo; ngokuba ingenzanga indluzula, kungekho-nankohliso emlonyeni wayo.*

*Nokho iNKOSI yathanda ukuyishaya ngezifo; nokuyidabukisa: lapho uyakuwenza umphefumulo . . .* noma *lapho uya . . .* uyakubo*na.. wayo ube ngumnikelo wesono, iyakubona inzalo yayo,* futhi *yenze izinsuku zayo zibe-ziningi, nentando yeNKOSI iyakuphumelela esandleni sayo.*

37 Uma bengingakubiza ngendikimba yoMbhalo, kulobubusuku, ngizothatha ivesi 6.

*Thina sonke sidukile njengezimvu, . . . iNKOSI . . . nalowo uphendukele endleleni yakhe; iNKOSI . . . hlisela phezu kwayo ububi bethu sonke.*

38 Ngifuna ukukhuluma imizuzwana embalwa nje. Siyajabula njalo uma sekufika ekubeni nenjabulo yeNkosi phakathi kwethu; nokuthi ngithokoza kanjani nani, kakhulu. Kodwa senake nama ukuba nicabange ukuthi kwabizani ukuba nakho na? Senake naqonda intengo nje esemva kwakho; ukuthi kwaba kwehlulelwa kuni nokuthi iyini inhlawulo yesono na? Ukuthi isono kufanele ukuthi sasinonya kanjani, ngenkathi sibangela ukuba iNdodana kaNkulunkulu iye eKalvari, noNkulunkulu

aYishaye, aYiphendulele ubuso baKhe, futhi aYishaye, futhi—futhi Ihlushwe. Bukani ukuthi YayinguBani.

39 Manje ngithanda ukunidwebela nje isithombe esincane, ngikhulume manje. Ake sithi sonke sithathe uhambo oluncane, kulobubusuku, ngomkhumbi omncane, futhi asi. . .umkhumbi-mkhathi omncane, noma umkhumbi wasemoyeni. Asibuyele emuva eminyakeni eyizigidi eziyikhulu izwe lingakabikho, kungakabikho ngisho nenkanyezi noma yini, futhi lapho awuboni lutho kuphela umkhathi. Futhi wonke lowomkhathi wawunguNkulunkulu. Ekuqaleni wayekhona uNkulunkulu.

40 Futhi manje sizobhekisisa kubakhona ukuKhanya okuncane. Sizokubiza ngokuthi, njengokuthi, iNdingilizi yokukhanya. Futhi leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu, iZwi-mcabango elaphuma kuNkulunkulu, ekuqaleni.

41 Futhi manje-ke Wayemi kanjalo-ke lapho; futhi Yena, emqondweni waKhe, Uqala ukucabanga ukuthi izwe liyobanjani, futhi wadweba sonke lesisithombe emqondweni waKhe. Wayesethi, "Makube-khona ukukhanya."

42 Ne atomu isithako esincinci lehlukana lase liqala ukuphuma lisakazeke, nama-atomu aphuma, ukuqhuma kokuqala kwe atomu. Kwase kuthi-ke lawoma-atomu aqala ukwanda laze laqala ukuba lenzeke libe ngamalahle, njengomhwamuko, noma kwakuyini, kwaqala ukusakazeka, nama-atomu ehlukana. Futhi emva kwesikhashana, nakho kuvela inkanyezi, noma ucezu lwe. . .into ejukujelwayo eyasuka yandiza futhi yahamba phezu kwamanzi emoyeni. Wayibhekisisa mhlawumbe iminyaka eyizigidi ezimbalwa, wase-ke eyayimisa. Wayengenakujaha. Wayenesikhathi esiningi, kuze kube-phakade. Wayekhona kusukela ekuqaleni kuya ekupheleni. Kwakungekho-sikhathi kuYe. Kwase kundiza enye, futhi Uyimisa *ngapha*.

43 Wenzani na? Uloba iBhayibheli laKhe lokuqala. IBhayibheli lokuqala elake lalotshwa, lalotshwa ezibhakabhakeni, uMgamu wezulu eliphezulu. Uqala ngentombi, Ufika kanjalo-ke kuqala. Ugcina ngeMbube ingonyama, ukuFika kwesibili. Futhi Uloba iBhayibheli laKhe lokuqala.

44 IBhayibheli lesibili elalotshwayo, lalotshwa nguEnoke, futhi wafaka esivivaneni.

45 IBhayibheli lesithathu elalotshwayo, nelokugcina, yi*leli*. [UMfowethu Branham ukhomba iBhayibheli lakhe—Umhl.]

46 UNkulunkulu njalo wenza izinto kokuthathu. UNkulunkulu uphelele kokuthathu. Uphelele. [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe—Umhl.] Ngiyaxolisa. Uphelele kuYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Uphelele ekulungisisweni, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Upheleliswa kokuthathu kwaKhe.

47 Sisekwenzeni kwaKhe, ngakho siphheleliswa kokuthathu; umphefumulo, umzimba, nomoya. Nomzimba wethu ulawulwa yi—yimizwa, yegazi, neyamangqamuzana (inyama); kuthathu. Konke kuphheleliswa kokuthathu.

48 Wayesethi-ke, emva kokuba Esekwenzile konke lokho, ngaphambi kokuba Aze enze noma yini enye . . .

49 Sengiyayibona leNdingilizi encane yokukhanya ihamba ngaphezu—ngaphezu kwalelizwe, okwakuyilahle elishisayo nje, liphenduka iqhwa, lilenga phandle lapho njengentaba yeqhwa enkulu entanta olwandle. Futhi Wayigudlulela ngaphezulu eduze kwelanga. Futhi Uqala ukuyiphendula *kanjalo*, izungeze ilanga. Iqala ukuncibilika, nezinguzunga zeqhwa ezinkulu zika ayisi zadedeleka zadabuka. ITexas yayibunjwa, namathafa lapho; njengoba sifundiswa ukuthi izinguzunga zeqhwa zehla kanjani zedlula lapho, abahleli bezikhathi zokwenzeka kwezinto emilandwini bangakulinganisa. Kwase kuthi-ke izwe lonke, emva kokuba lase ligijime lehla layongena eMngeneleni wolwandle waseMexico, njalonjalo, liqala ukugcwala libe ngamathantala. "Izwe, liyihlane, elingenalutho," manje siku Genesisi 1, niyabo. Manje, manje-ke, uNkulunkulu wahamba wase ehlukanisa umkhathi namanzi. Wase enza ukukhanya.

50 Wase-ke Edala konke okudaliweyo kwaKhe. Kwathi-ke, emva kokuba Esekwenzile, zonke izihlahla ziyavela, ngezitshalo, njalonjalo. Ukuhleleka okuhle kangaka pho Ayenakho. Wayekuthanda. Kwakukuhle. Futhi Wacabanga ukuthi lokho kwakukuhle.

51 Ngakho Akalishiyanga nje likulesosimo; Wadingeka ukuthi alishiye nento ethize. Ngakho Wathi, "Ma" (ubuningi) "senze umuntu," ubuningi, "ngomfanekiso wethu." "Masenze umuntu ngomfanekiso wethu." Ngakho-ke ngenkathi uNkulunkulu Enza umuntu waKhe wokuqala, Wayengumuntu ongumoya. Wayeyinto esohlelweni lukaNkulunkulu, noma iNdodana kaNkulunkulu, iZwi-mcabango. Lowo kwakungumuntu wokuqala. Wase-ke Enika umuntu amandla esikhundla phezu kwe . . . ukuhola yonke impilo yezilwane, njengoMoya oNgcwele nje uhola ikholwa namhlanje. "Hamba *lapha*. Yenza *lokhu*."

52 Manje, ukuba besiphelele ekuthobeleni uMoya oNgcwele, uNkulunkulu ubezosihola, ngoMoya oNgcwele, njengo Adamu nje wahola izilwane zangalolosuku.

53 Ngakho Wa—Wabenza. Kwase kuthi-ke, ngenkathi Ekwenza, Uqala ukuhamba ngo—ngomqondo-ke ukuthi—ukuthi Wenza umuntu ngothuli lomhlabathi. Kwakungekho-muntu wokulima umhlabathi, kungekho-muntu ozokwenza umsebenzi, kungekho-sidalwa sangokwenyama. Ngakho Wenza umuntu ngothuli lomhlabathi.

54 Manje nakho lapho engicabanga khona ukuthi i—ingcweti yempilo yezithombo, noma—noma isayense nobuKristu,

bengashayisani khona. Ngoba, isayense ithi, umuntu wavela empilweni ehlukile; futhi sithi, uma ubuka umuntu lapha, usemfanekisweni kaNkulunkulu. Yilokhu, kwakungesiwo umfanekiso kaNkulunkulu, kwase kuqaleni nje. Lona ngumfanekiso wempilo yesilwane. Futhi u. . . Futhi abakholwa ukuthi umuntu waqale waba yisilwane uphikisana ngokuthi si. . . Angikholelwa ohlwini lwenguqunguquko yempilo ngendlela abenza ngayo, bonke bevela engqamuzaneni elilodwa. Kodwa ngiyakholwa ukuthi siyaguquguquka, impela, inguqunguquko yomuntu esuka komunye. Kodwa-ke ngenkathi uNkulunkulu enza konke okwalokho, futhi wathola . . . wabeka umuntu e . . .

55 Wamenza ngothuli lomhlabathi, manje, hhayi ngomfanekiso waKhe uQobo. Wayesevele emenzile umuntu. Wase Ephefumulela kuye umoya wokuphila, umuntu waba-kanjalo umphefumulo ophilayo. Ngakho, umphefumulo womuntu uyimvelo yomoya.

56 Manje, uma uphind'uzalwa, awutholi umoya omusha. Uthola imvelo entsha yalowomoya. Ngumoya ofanayo, kodwa imvelo entsha yawo. Uthatha umuntu ababili, ubamise ndawonye, bobabili bebukeka befana; nomunye wabo uyisoni, nomunye wabo ungumKristu. Oyedwa umuntu uthi, "Nginomoya ngokufanayo nawe njengoba unawo," niyabo. Kodwa omunye wabo ungohlukile, umphefumulo wakhe. Imvelo yakhe yehlukile. Useguquliwe.

57 Ngakho-ke Waphefumulela kulomuntu. Manje, angazi kanjani, ukuthi Wamenza kanjani. Wa—Wambeka emizweni emihlanu ukuze akwazi ukuxhumana nekhaya lakhe lasemhlabeni, futhi ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukunuka, nokuzwa. Futhi Wamenza ngaleyondlela. Manje, leyomizwa wawungesiwo owokuxhumana noNkulunkulu.

58 Umuzwa wakhe ukuba axhumane noNkulunkulu kwakungumoya wakhe, umphefumulo wakhe wawunguku con- . . . "Umphefumulo owonayo, umphefumulo uyokufa."

59 Manje, ngijikeleza kude, ukuba ngithole okuthize, kodwa ngethemba ukuthi niwathola onke amaphuzu akho ukuze nibone ngempela ukuthi uNkulunkulu wenzani eKalvari.

60 Manje ngenkathi lomuntu, ngaleyonkathi, ngenkathi Embeka emizweni yakhe, imizwa yakhe emihlanu. Kwase kuthi-ke, umuntu, wayenesizungu, ngakho Wamenzela umfazi, umsizi, ethathe ohlangothini lwakhe ubambo wase enza owesifazane.

61 Umfanekiso omuhle lapho, konke kusemfanekisweni, kaNkulunkulu ethatha ohlangothini lukaKristu, uMlobokazi. Niyabo? UNkulunkulu wavula uhlangothi luka-Adamu, ethathe ubambo; okungukuthi, owesilisa ushoda ngobambo olulodwa kunowesifazane, ekwakhiweni ko—komzimba. Futhi manje uNkulunkulu wavula uhlangothi lukaKristu, e . . . eKalvari,

wase ekhipha uMlobokazi. IBandla livela ngeGazi likaKristu, lingene eMzimbeni kaKristu.

62 Si—singena kanjalo-ke, futhi hhayi ngenye indlela. Akunandaba ukuthi linjani ibandla osonta kulo, ukuthi ungowesilisa olunge kangakanani, ungowesifazane olunge kangakanani; ufanele wemukele uMhlatshelo owenele konke kaNkulunkulu, indlela yaKhe ehlinzekwe nguYe, kungenjalo ulahlekile. Kunjalo. Yileyondlela kuphela ongangena ngayo, ingokwedlula Lapho. Manje, yinye kuphela indlela, futhi leyo nguMnyango.

63 UJesu wafundisa ngalowomfanekiso odumileyo, ngenkathi Elapha emhlabeni. Wathi isidlo sakusihlwa somshado senziwa futhi—futhi wonke umuntu wanikwa i—ingubo, futhi wafumana umuntu oyedwa lapho engenayo ingubo. Wathi, "Mngane, yini u . . . Ku—kungani ungenayo ingubo na?"

64 Manje, isiko lasempumalanga lalokho, uma umyeni ememe wonke umuntu, ubeka . . . ammemile. Uma ememe abantu abangamashumi amahlanu, khona-ke wayeba nezingubo ezingamashumi amahlanu. Futhi wayema ndawo ndawo emnyango, futhi ngaso sonke isikhathi uma kungena umuntu, ocebile noma ompofu, umembesa ingubo. Manje-ke, akukho-muntu owayazi ukuthi babecebile noma bempofu. Yena, bonke, babebukeka befana, phansi kwengubo.

65 Futhi yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo namhlanje. Unikezana uMoya oNgcwele; okungumfanekiso. Wonke umuntu Ammemayo, sonke siyafana. Hhayi *lona* ngoba engconywana kunomunye, na*lowaya* ephakeme kakhudlwana kunalona. Sonke siyafana ebusweni bukaNkulunkulu, wonke omenyelwe eSidlweni sakusihlwa soMshado.

66 Kuthi-ke uma engenile futhi wafumana omunye umuntu manje . . . Manje, munye kuphela umnyango okungenwa ngawo, ngoba yilapho izingubo eyayikhishwa khona. Futhi wafumana umuntu etafuleni lesidlo sakusihlwa, engayembethe ingubo. Wathi, "Mngane, wenzani lapha na? Kungani ungayembethe ingubo na?" Nomuntu wathula. Wangena ngefastela, ngenye indlela. Akangenanga ngomnyango.

67 Nawo wonke umuntu ofika ngoKristu, eMzimbeni kaKristu, wemukela uMoya oNgcwele, ingubo. Umi khona lapho, ukuba akwembese Yona, uthi ungangena nje, niyabo. Yilokho Akwethembisile futhi yilokho Akwenzayo.

68 Manje, emuva lapho e—ekuqaleni, e-Edene, wase Emenzela umfazi, noma umsizi.

69 Manje niyazibona lezizithombe kumaphephabhuku, ngesinye isikhathi, zezinye izingcweti zemifanekiso. Manje, lolo wugqozi olungenakuhlakanipha neze. Ukuba wawubone uEva enezinwele ezihlikizeke *kanjalo*, futhi, o, into ebukeka iyimbi kangaka pho, futhi bathi, "Lowo kwakungumama wethu,"

ngani, kwakungebekhona noyedwa ezweni owayengakwazisa lokho. Ngikholwa ukuthi uEva wayengowesifazane omuhle ukwedlula wonke owake waba semhlabeni. Kunjalo. Ngenkathi uAdamu embheka, owakhe, u—u . . . Kuvele nje, ngani, kukhombisa ukuthi ubunzima bufika buvela phansi ngqo ngezidalwa ezingabantu namhlanje. Uma kungazange, bekuyoba ngapha nangapha.

70 Ngakho, uAdamu uthathe uEva njengomkakhe. Kwase kuthi-ke ngenkathi sekungene isono . . . Futhi nginombono wami wokuthi lokho kwakunjani. Angikuvezi ebandleni, ngaphandle uma nje kuneklasi elincane lohlobo oluthize, lokuthi isono sasinjani ekuqaleni. Kodwa, empeleni, ngenkathi senza, sabehlukanisa enhlanganyelweni noNkulunkulu.

71 Manje nasi isithombe ebengifuna ukusithola. Manje lapho uNkulunkulu eseqonda, noma iNgelosi ethize noma Umuntu othize wayekhuphukile wase etshela uNkulunkulu, ukuthi, "Indodana yakho ilahlekile. Yona, yonile. Iwile."

72 Manje bhekisisani ubunzima bomuntu, into yokuqala, ngukuba azenzele inkolo. Umuntu, unohlobo oluthize lwenkolo.

73 Ngangikhuluma nomuntu odumileyo lapha edolobheni, ngelinye ilanga. Wathi, "Uyazi, inkolo yami, Mfowethu Branham, igcina uMthetho wokwenza njengoba ufisa kwenziwe kuwe." Kuhle lokho.

74 Kodwa, mfowethu, uma umuntu engazalwa ngokusha, uyobhubha. Yebo. Ufanele, ufanele azalwe ngokusha. Manje, uMthetho wokwenza njengoba ufisa kwenziwe kuwe ulungile; lokho, umuntu oziphethe kahle angakwenza lokho. Kodwa konke kuzofanele kube semgqeni wokungesikho okwemvelo yasemhlabeni. Futhi nizobona ukuthi uNkulunkulu wadingeka ukuthi enzeni ukuze sizalwe ngokungesikho okwemvelo yasemhlabeni.

75 Manje lapho, manje-ke, bona, wa—wazenzela i reli- . . . Igama elithi *inkolo* lisho "ukumboza." Kufana nento embozayo. Lelibhantshi liyi—liyi—inkolo yokuziphatha kahle kimi, ngoba limboza ubumina. Nezingubo zakho yindlela efanayo. Futhi yi . . . Yise—sembozo.

76 Manje qaphelani-ke, ngenkathi, uAdamu, amaqabunga akhe omkhiwane ayelungile inqobo nje uma wayengezukubhekana noNkulunkulu. Kodwa lapho esedingeka abhekane noNkulunkulu, waqonda ukuthi amaqabunga akhe omkhiwane ayengalungile. Futhi manje, mngane, ungahle ucabange ukuthi ungumuntu othi ulungile, uyabo, futhi ungahle ube nguye. Kulungile. Kodwa uma ufika ubhekane noNkulunkulu, okwakho . . . uma ungakawemukeli uMhlatshelo kaNkulunkulu ohlinzekelwe wena, ulahlekile futhi uzokwazi.

77 Ngike ngama eceleni kwabo, ngibabhekisise befa; ngibone udokotela ebahlaba ngomjovo ihipo ezingalweni zabo,

ukubathulisa. Futhi ngibezwe bempongoloza futhi beqhubeka. Bathi, "O, basangene nje."

78 Ngathi, "Doc, siza ukuvimbele, kube kude ngomzuzu nje." Niyabo? Futhi ungabezwa uma be—becabanga ukuthi uqinisile.

79 "Kukhona indlela ebukeka sengathi yinhle kumuntu, kepha ukuphela kwayo yizindlela zokufa."

80 Futhi wonke umuntu ongazelwe, ongaphendukanga kuNkulunkulu, uyohamba ngaleyondlela yokubhujiswa. Akukho ongakwenza. Umphefumulo wakho uqobo uyakuhola. Uma ungozelwe ngokusha, ubophezekile ukuba uye phezulu. Uma ungazelwe ngokusha, uzofanele uye phansi. Nje owakho—owakho uqobo umphefumulo uzokwenza. Njenga nje ngo—ngothi lomlingo olungavula umnyango ndawo ndawo; uma ungenalo u—uthi, umnyango ngeke uvuleke. Futhi uma ungazelwe ngokusha, uyenqatshwa nje, ngokuzenzelkelayo. Yilokho kuphela, manje.

81 Futhi manjena-ke uma ngi—ngibona lapho, manje-ke, uma bephuma, noNkulunkulu wazi ukuthi babengeke bame phambi kwaKhe. Futhi Wayazi. Futhi babecashile, becashe ngemuva ezihlahleni ezithize. Nokho, bezembozile, kodwa bazi ukuthi isembozo sabo sasingenele.

82 Futhi wonke owesilisa noma owesifazane oya esontweni . . . Namhlanje bengicabanga ngezindlu ezinkulu zamasonto ezinezihlalo zababhishobhi zinqenqeza, nezinsimbi zikhala, njalonjalo kanjalo; nabantu beya esontweni, futhi belungiselela, nabesifazane bethenga izigqoko zabo zePhasika, njalonjalo. Sekufikephi lokhu na? He! Angikuqondi kanjani ukuthi kukuphi lapho unogwaja ehlangene khona nokuvuka, niyabo, (qhabo, mnumzane) ukuthi sihlangana kanjani isihlahla sikaKhisimuzi nokuzalwa kukaKristu. Ngubuhedeni, bangane. Siphumile endleleni yabahamba ngezinyawo ndawo ndawo. Kunjalo. Kodwa manje owesilisa ozelwe ngokusha ngempela noma owesifazane uyaqonda, ngoba kukhona ukuphila phakathi kwakho, okukutshelayo ukuthi lokho akufanele. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

83 Manje bhekisisani; uAdamu noEva. O, he! Uma ngicabanga ngalokho, ngilahlekelwa yimicabango yami yomkhuhlane imfuluyenza, noma ngabe yini ebenginayo. Uma ngicabanga, emuva le ekuqaleni. Bhekisisani! Nikhuluma ngegazi na?.

84 Lapha esikhathini esingeside esedlule, ngenkathi becabangela manje, emkhandlwini omkhulu weMethodisti, ekukhipheni onke amaculo eGazi kwezamahubo amaMethodisti. Bathi, "Akusiyo inkonzo yesilaha." Bathi, "Asi . . . Sifuna into enhle nenesithunzi." Mfowethu, leyo akusiyo indlela uNkulunkulu akwemukela ngayo. Kuphakathi kokuthi . . .

85 "Nxa Ngibona igazi, Ngiyodlula kini." Igazi! UNkulunkulu, okuyisona sibambiso kuphela esikhona, kuphela si . . .

"Ukuphila kusegazini. Ungayidla inyama, kodwa igazi, elingukuphila, lithululele emhlabathini." Niyabo, ungakudli ukuphila.

86 Qaphelani ukuthi kuhle kanjani! Ngicabanga kanjani ngalokho! Wase-ke uNkulunkulu ecabanga, "Manje phumelani lapha, Adamu noEva. Futhi ngaphambi kokuthi Ngikwazi ukunikhipha, Ngizodingeka Ngenze okuthize." Ngakho Uya laphaya eqeleni futhi uthola imvu; uyayibulala, uyihlubula isikhumba, uyayidedela ife.

87 Ngoba, uNkulunkulu ufanele aligcine iZwi laKhe, akunandaba ukuthi ungowesilisa olunge kangakanani, ungowesifazane olunge kangakanani, ukuthi uyini. Kungukuthi, uNkulunkulu, uNkulunkulu uzofanele aligcine iZwi laKhe.

88 Yingalesosizathu intombi uMariya wadingeka ukuthi enyuke, ngoSuku lwePentekoste, futhi emukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, njengoba kwenza bonke nje abanye, ngoba wazalelwa lapha njengesidalwa esisazokufa futhi wadingeka ukuthi azalwe ngokusha ngaphambi kokuba aye eZulwini. Amen.

89 Manje buka, nenekazi, ake ngikutshele. Ngoba nje izikhathi seziguqukile, uNkulunkulu akaguqukile. Uma usilalelwe noma yini yalokho, ulahlekile. Niyabo? Manje, ngikhulumela kuphela lokho uNkulunkulu akwenza eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula, namhlanje, eKalvari, ukunikhombisa ukuthi Mhlatshelo-muni owafanele wenziwe ukukhokha lokhu, futhi leyo yindlela kaNkulunkulu. Manje kukhona indlela ebonakala sengathi yinhle; kodwa uNkulunkulu unendlela ayihlinzekile. Uma njalo uzohamba ngendlela hlinzekwe nguNkulunkulu, awusoze weduka.

90 Njengokuthi uma uqala uya eIndianapolisi, noma unqamule ibhuloho, futhi uthi, "Awu, lapha, ngabe leyo yiLouisville laphayana na?" "Yebo." Bese uvele nje unqamula nga *le* ndlela; uzobanjwa ngithi masinya. Kunjalo. Kungcono uthole ipulani, imephu, uyifundisise bese ubona ukuthi uhamba ngayiphi indlela.

91 Futhi, manje-ke, *Nansi* ipulani kaNkulunkulu eya eNkazimulweni. Ifundisise. Nanso. Ifafazwe ngeGazi indlela yonke. Ungeke walahlekelwa ngumkhondo, uma uzolandela iGazi. Amen! Manje ningabona. Niyabo? Qhubeka neGazi nje ngqo futhi uzohamba kahle, ngoba kukhona lapho kade kuhamba khona unyawo olunegazi kuso sonke isinyathelo sendlela.

92 Manje qaphelani manje ukuthi kwaba kanjani uNkulunkulu emuva laphaya, ngaphambi kokuba Akwenze, manje Wayengama noma . . . Ngisho bebengama ukuba bemukele, Ubezobabulala khona manje. Wayezokwenza, ngoba

Ungozibusayo. Ufanele aligcine iZwi laKhe. Wathi, "Mhla uwudla, kumhla ufayo." Lokho kuhlezi kuze kube-phakade.

Manje-ke sengiyaMbona emuva laphaya, ngenkathi Ebulala lezizimvu. Wena uthi, "Zaziyizimvu, Mfowethu Branham na?" Ngiyakukholwa. WayeyiWundlu elahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

93 Futhi kwakuyisikhumba semvu; wasithatha wase eziphosa emuva ezihlahleni, futhi wabatshela ukuba "Bazisonge ngalezi, bese bephuma, futhi bemukele."

94 Futhi sengiyambona uAdamu noEva behudula lezi ezindala ezinegazi, izikhumba ezithaxazelayo kubo. Awubheke nje! Ethandekayo, imizimba emihle yalezozidalwa ezingabantu ezimbili eziphelele, manje sezizisonge ngesikhumba semvu esinegazi. Sengiyababona bemi ngaphandle lapho.

95 UNkulunkulu wathi, "Adamu, ngoba ulalele umkakho esikhundleni saMi, manje-ke, Ngakuthatha othulini, futhi uyakubuyela othulini."

96 Futhi, "Eva, ngoba ulalele i—inyoka esikhundleni saMi, ngani, ulethe ukuphila . . .ususe ukuphila ezweni, uzoletha ukuphila emhlabeni. Ngizakukubangela izinhlungu, nokunxanela kwakho kuyakuba sendodeni yakho," njalonjalo.

97 Wayesethi-ke, "Nyoka, ngoba wenze lokhu, uhamba uqonde . . . " Yayingesiso isilwane esihuquzela ngesisu. Yayiyisilwane, yayihamba iqonde, inobuqili kunazo zonke izilwane zasendle. Ngifakazele, lowo ngumBhalo. Ihamba iqonde, njengomuntu, futhi yayimdukisile. Futhi Wathi, "Futhi ngoba wenze lokhu, ziyasuka izinyawo zakho, futhi uzohamba ngesisu sakho, zonke izinsuku zokuphila kwakho. Nothuli luyakuba ngukudla kwakho."

98 Futhi khona lapho ababekhona; ukwahlulela. UNkulunkulu wadingeka ukuthi akugcine ukwahlulela kwaKhe, ngoba Wayekukhulumile. Futhi UnguNkulunkulu; Akakwazi ukuhlehla kukho. Ufanele ahlale . . . Ukuze abe nguNkulunkulu, uNkulunkulu ufanele aligcine iZwi laKhe. Kunjalo.

99 Ngakho lapho sengathi ngiyabona ngibona lowoEva omncane bandla, lapho ebuka uAdamu, izinwele zakhe ezingemnyama zehle zayoshaya emhlane wakhe. Lawo amakhulu, akhanyayo, amehlo aluhlaza ayebukeka njengezibhakabhaka, lapho uNkulunkulu ayewenze khona, izinyembezi ziphophoza phansi; zixubana negazi elisezingutsheni, futhi ithwaxuzela isonge umzimba wakhe, uEva. UAdamu, nomzimba wakhe oqinile, wambamba wase emencikisa esifubeni sakhe, futhi lapho izinyembezi, zihlangana, zehla, lapho zehlela ezikhunjeni zezimvu, igazi liconsela phansi. Igazi, yonke indlela. Lapho!

Manje Uthi, "Nifanele nisuke niphume eBukhoneni baMi."

100 Futhi sengiyambona uEva noAdamu, izingalo zabo begaxene, behamba, bephuma *kanje*, lezozikhumba ezindala zezimvu zithwaxuzela emilenzeni yabo, zinegazi, zishaya emilenzeni yabo. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.]

101 Manje-ke sengiyawubona wonke lowomkhathi, okwabe kunguNkulunkulu. UNkulunkulu wayengenakuqala kwezinsuku, ukuphela kweminyaka. Ungongunaphakade naphakade. Sengiyawubona wonke lowomkhathi omkhulu uqala ukuhamba usondelana *kanje*, wehla ufana nefonela kanjalo, futhi wahamba wehla ngqo, lapho Eqala ukubuka ngeso lezozithandani ezincane zehla ngensimu yase-Edene, izikhumba ezinegazi zithwaxuzela emilenzeni yabo. Akakwazanga ukukumela. Futhi kwehlela, o, kwehlela kuyo impela inhliziyo kaNkulunkulu, okupelishwa kuthiwe u-t-h-a-n-d-o, "Ngokuba uNkulunkulu walithanda..." Akakwazanga nje ukubabona behamba.

102 Wababiza babuya, wathi, "Ngizobeka ubutha phakathi kweNzalo yakho nenzalo kaSathane." Kwase kuthi ngenkathi kwenziwa lokho, kwakuseKalvari; ngenkathi uNkulunkulu uqobo lwaKhe ehla ngowesifazane, wazalwa yintombi.

103 Ngingathanda kanjani ukuthi ke ngihlale kulokho nje kancanyana, e-Edene. Qaphelani ngenkathi bexoshwa ensimini ngenxa yesiphambeko. Zonke izibusiso zanqanyulwa ngenxa yesiphambeko.

104 Futhi ngiyacabanga, kulobubusuku, yileyo indaba ngeBandla. Zonke izibusiso ziyanqanyulwa ngenxa yesiphambeko. Nakho lapho okhona.

105 Baxoshwa ensimini yase-Edene! Manje ngifuna niqaphele, nakhu kufika...ngenkathi uKayini noAbela, amadodana amabili ka-Adamu noEva, beza ngaphambili ukuba benze umnikelo.

106 Ngikholwa ukuthi iKherubi elikhulu lalingasempumalanga yesango, naleyoNkemba ishwileka iya emuva naphambili, ilinde lelosango lapho elalingena e-Edene. Qaphelani, uMlilo, uMlilo kaMoya oNgcwele ulinde isango.

107 Futhi, namhlanje, yilokho okulinda isango. Uma wesaba uMoya oNgcwele noMlilo, awusoze wangena. Enomlilo, iNkemba kaNkulunkulu! UNkulunkulu unguMlilo oqothulayo, ugade lowoMuthi, ulinde lowoMuthi wokuPhila.

108 Futhi manje qaphelani, manje-ke, lesi yisithombe esihle. O, he! Sengiyambona uAdamu noma...uKayini noAbela, njalo, basebenza ngokukhandleka manje, noma bephuma beyokwenza umhlatshelo. Ngikholwa ukuthi bakha ialtare labo esangweni ngqo, esiHlalweni sobukhosi, lapho ababengakwazi khona ukuthi bakhonze.

109 Qaphelani, nakhu kufika uKayini. Mhlawumbe wasebenza unyaka wonke, esebenza ngokukhandleka, enza konke ayengakwenza ukuba athole ama apula amakhulu kunawo onke, noma amathanga amakhulu kunawo onke, kumbe noma yini ayenayo, wakukhuphulela esangweni. Wazakhela ialtare khona lapho eceleni kwesango, eBukhoneni bukaNkulunkulu. Wabeka zonke izithelo zakhe, nemikhulu iminduze yasemanzini nakho konke, wase ekubeka ealtare ngokufanele, wase eguqa phansi futhi wakhonza uNkulunkulu.

110 Manje ngifuna ni . . . Ngethemba ukuthi lokhu nje kuyazika kwehlele phansi, sengathi akukaze ngaphambili, uze ukuthole, niyabo. Manje qaphelani.

111 Uma uNkulunkulu kuphela wayedinga ukuba wena uye esontweni, uKayini wayenjengoba wayenjalo nje uAbela. UKayini wakhela iNkosi ialtare. Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, angenzi lokho kuphela, kodwa ngenza umhlatshelo. Ngikhokhela ukuya ezimishini zakwamanye amazwe, futhi ngi . . ." Lezozinto zilungile. Lezo kulungile. Kodwa uNkulunkulu udinga okuningi.

112 UKayini wakwenza lokho, qobo lwakhe. Niyabo? Waletha umhlatshelo. Wakhonza iNkosi. Waguqa phansi futhi wanikela udumo eNkosini, wayesethi, "Nkosi, ngilapha. Ngilapha, futhi sengiKulethele umnikelo. Ngakhe ialtare." Amen.

113 Ngamazwi amaningi kakhulu, "Ngiyilunga lebandla." Ngabe kushaye phansi ekugcineni na? Buka. "Ngiyilunga lebandla. Ngiyakholelwa kuWe." Kuzokwehlela phansi ekugcineni manje. Akuzike kujule ngempela. "Ngiyikholwa kuNkulunkulu. Ngakhe ialtare. Ngilethe umhlatshelo. Futhi ngilapha, Nkosi. Ngikhonza Wena." NoNkulunkulu Wawufulathela. Kunjalo.

114 "Futhi ekuseni ngePhasika," njengomelusi walelidolobha wathi, "uyazi ukuthi ngenzani, mshumayeli, ekuseni ngePhasika na?"

Ngathi, "Ini na?"

Wathi, "Ngitshela bonke abafo bakithi, ngibafisela u 'Khisimuzi omuhle.'"

Ngathi, "Ngani na?"

Wathi, "Ngeke ngisababona kuyoze kube yiPhasika elilandelayo."

115 Wonke umuntu uyaphuma ngePhasika, yilokho kuphela, bathenge izigqoko zabesifazane ezintsha nezingubo ezintsha. Futhi lokho kuhlangene ngani noKristu na? O! Kuyobakhona izigidi zamadola ezichithwayo ngalonyaka, kusasa, endaweni yamaProtestane, ngeminduze, iminduze emihle emikhulu; ilunga ngalinye lizofika lijikeleze bese liwubeka ealtare. UNkulunkulu akakhathali ngomnduze ealtare. Ufuna wena

ealtare. Akusiwo umnduze; akusiwo umhlatshelo wakho. Nguwe umfo ofanele abese altare. Yilowo umehluko. Ukubeka lokho uNkulunkulu akudingayo ealtare, nguwe.

116 Manje ngifuna ukuba niqaphele ukuthi lokho kukanjani, lobobunzima, lowo kwakunguSathane kuKayini. Futhi qaphelani ukuthi yona impela i . . .

117 Manje lokhu kufanele kunenze nizizwe nikahle ngempela, abanye benu oyisihambi nomuntu ohamba phansi. Futhi sifanele mhlawumbe sithi, "Awu, ngifisa sengathi besingakwenza *lokhu* ebandleni lethu, na*lokho*." Yeneliseka. Haleluya! Ngingaqoka ukukhonzela ekamelweni elincane elidala ndawo ndawo endleleni engumhubhe engemuva, futhi ngibe noNkulunkulu kulo, kunasendlini yesonto enkulu enesihlalo sombhishobhi noNkulunkulu engekho kuyo. Kunjalo. Impela. Lapho! Wayengumuntu ompofu. Qaphelani. Wase eletha umnikelo wakhe, kwenza uKayini, wase ewubeka phezu kwalapho. Manje, qaphelani, wavela emgqeni kaSathane, ngoba wayelindele ukuthi uNkulunkulu awemukele, ngoba kwakuyisithelo esihle, into ethize eyenziwe, nguye uqobo lwakhe.

118 Futhi abantu abaningi kakhulu bathi, "Awu, ngingoweziyalo ezithize ezehlukene. Futhi ngi—nginikela esiPhambanweni esiBomvu, futhi nginikela ngothando kwabantulayo. Nginikela emabandleni. Uthini ngalokho, Mfowethu Branham na?" Konke lokho kulungile.

119 Kodwa, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, angengene eMbusweni." Kuqapheleni.

120 Lezozinto eziluthando kwabantulayo zinhle, kodwa phandle . . . Leyo akusiyo indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu nokho. UKayini uza ngendlela okungeyakhe. Nabaningi, kulobubusuku, beza ngendlela okungeyabo.

121 Ungeke uze ukuzindle ngisho. Ngani, imizindlo ngeke ngisho . . . Izizindlo zakho azifanelekile. Awufanelekile ukuthi uLizindle. Uma ubungaLizindla, belingeke Lisaba ngelokukholwa. Ufanele ukunikele ngokukholwa.

122 Manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, usho ukuthi kufanele ngehlele lapho futhi—futhi ngigcwaliswe ngoMoya oNgcwele futhi ngiqhubeke njengabo bonke na?" Uma ubheke ukuba ube nabo bonke, kwenze. Yilokho kuphela. Yebo, mnumzane. Yilokho kuphela. Ungathatha . . .

123 UNamani wayenento efanayo. UNkulunkulu watshela umprofethi, "Mtshele, 'Yehla ucwile kasikhombisa.'"

124 Wathi, "Lamanzi awahlanzekile yini kakhulu futhi awangcono kakhulu na?" Kodwa kwakuyilawomanzi aseJordani; kubukeka sengathi kubi ngezinye izikhathi.

125 Kodwa ngifisa sengathi wonke umuntu lapha kulobubusuku ubengabuka eKalvari, nokuthi kwambiza ini uNkulunkulu,

eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula. Futhi uphakamise isandla sakho, uthi, "Ngizothatha indlela nabayingcosana abadeleliwe beNkosi na"?

126 Wena uthi, "Ngizodingeka ukuthi ngijoyine labobafo uMfowethu Thom . . . noma abanye babo ababizwa nga 'baginqiki abangcwele'?"

127 Mfowethu, ngike ngajikeleza umhlaba, ngithi impela kuseduze kokuphindwe kathathu, futhi angikamboni neze umginqiki ongcwele okwamanje. Qhabo, mnumzane. Ngibubonile ubungcwele, kodwa hhayi abaginqiki abangcwele. Lelo yigama udeveli aliqhasele eBandleni. UNkulunkulu wathi, "Ngaphandle kobungcwele, akukho-muntu oyobona uNkulunkulu." Ungazibonela ukuthi ungena ngaphi, mayelana nakho. Leyo yindlela kaNkulunkulu.

128 Wena uthi, "Abantu abampongolozayo futhi bamemeze futhi baqhubeke na?" Mfowethu, yilokho-ke. "Ngani," wena uthi, "lokho, lokho kubonakala kungukuhlanya, kimi."

129 Yingalesosizathu ufanele uzalwe ngokusha. Uma uzalwa ngokusha, khona-ke ngeke Libe wu "hlanya." Wena uzoba nathi. Babecabanga ngokufanayo njengoba wenza, ngesinye isikhathi. Kunjalo. Babecabanga njengoba wenza, baze bangena kuLo, qobo lwabo. Kuwuguquko, ukuphenduka. *Phenduka* kuchaza uku "guqula" noma yini. Futhi uma umuntu engafi kubuyena . . . futhi athi, "Nkosi, angazi lutho ngakho. Thatha mina nje ungingenise." Amen. Khona-ke uNkulunkulu uzokwenza. Niyabo?

130 Manje, uKayini wathi, "Ngikubeke phansi konke lokhu." UNkulunkulu wakwenqaba. Wakwenza konke kwabukeka.

131 Futhi mhlawumbe uyacabanga, "Awu, ngiya enkonzweni yokuphuma kwelanga; ngifanele ngibe nesigqoko sabesifazane esisha."

132 Intombazane ngesinye isikhathi yayizocula emhlanganweni wami. Futhi yathi, "Mfowethu Branham . . . " Unina wayegeza izitsha ebhavini lokuwashela, ukuba aziphilise. Futhi yayiba nalokho "kokubopha amafindo" ezinweleni zayo, niyazi.

133 Kuyini, ubuqhathanzipho na? Noma niyibiza nithi yini into, noma yini esezinweleni zayo na? Ngiyazi ukuthi lokho kuyiphutha. Angisalicabangi lelogama lalokho. Angazi lutho kangako ngakho. Toni? [Omunye uthi, "Qhabo. Iphemu."—Umhl.] Iphemu, kuzo, kwakuyilokho-ke.

134 Futhi yayikwenza ezinweleni zayo ngaphambi kokuba icule ekhwayeni. Nonina omdala ozihluphekelayo egeza ebhavini lokugezela, ukuba aziphilise. Ngenkathi ihamba iyophema, futhi ngathi ngeke ngiyivumele icule, ngoba yayingakufanele ukucula uma yayenze lokho kuzo. Kunjalo!

135 Nkulunkulu sisize ukuba sigcine ipulpiti lihlanzekile, empeleni. Yileyo indaba ngezwe namhlanje, kweyabo . . . ? . . . Manje lalela, mfowethu. Ngikholelwa olwazini lwesipiliyoni somuthi wokuhlanza izinwele isassafrasi oyifeshini endala, emuva ngaleya ehlathini, lapho omba khona zonke izimpande zokubaba, bese uphehla inhlabathi, kunjalo, utshale imbewu.

Manje, qaphelani manje, uKayini, wacabanga, "Ubuhle."

136 Bayacabanga, "Awu, manje, ibandla lethu! Sizokwakha isonto elisha." Kulungile konke lokho. Yonke into ngeyobuhle, ilungile, uma uyithatha ihambisane neNkosi uJesu. Manje-ke uma uzovele nje uMthathe kuqala, Uzokunakekela konke okunye.

137 Omunye wathi, "Mfowethu Branham, uyakholwa ukuthi lentombazane ifanele ukuza ealtare, ibukeka kanje?"

138 Ngathi, "Mfowethu, sekuzoba yisikhathi sasentwasahlobo. Zonke lezozinsaba zezihlahla ama oki phandle lapha, zonke, zinamaqabunga kuzo ngqo ebezinawo ngekwindla edlule. Kodwa asidingeki ukuba singcothule amaqabunga, ukuba sidedele amaqabunga amasha avele. Dedela ukuphila okusha nje kwenyuke, neqabunga elidala liyawohloka." Kunjalo. Amen.

139 Lalelani. Mangisho lokhu, futhi. Uma iqabunga elidala lingawohloki, likhombisa ukuthi ukuPhila okusha akukafiki. Ningangithukutheleli manje. Ngikhuluma ngoJesu. Kulungile. Yilokho. Kulungile.

140 Bhekisisani ukuthi kwambiza ini uBaba wethu waseZulwini. Bukani ukuthi Wenzani manje.

141 Futhi nakho kufika uKayini, futhi wenza umnikelo wakhe. Wakhonza. Waya esontweni. Ulunge njengaye nje omunye umfo.

142 UEsawu wayefana. UEsawu, esimilweni sakhe, wayengumuntu ongcono kunoJakobe, enokuba ngumnumzane ohloniphekile kakhulu! Wayemthanda uyise; nezinto ayezenzile! Kodwa uNkulunkulu wakhetha uJakobe.

143 Qaphelani manje ngenkathi uAbela efika ezokwenza umnikelo wakhe, awu, kwakwehluke ngempela ngenkathi kufika uAbela. Nakhu kufika uAbela. Akasebenzanga, akazamanga ukuthola ibandla elikhulu kunawo onke edolobheni azoya kulo. Akazamanga ukuthola isigejane sabantu esihle ukwedlula bonke azozihlanganisa naso. Amen. Wavele nje wathatha into ayenayo wase eyeza. Yilokho kuphela. Wayengumelusi wezimvu. Ngakho wavele wafinyelela ngale wase eththa iwundlu, wase elibopha . . . Ngibona ukuthi babengena-ndophi ngalolosuku, ngakho kusho ukuthi wathatha umgilebhisi futhi wavele nje wawuzongolozela entanyeni yalo.

144 Kodwa lalikhuluma ngani na? BaMholela eKalvari. WayeyiWundlu. Wathi, "Wazalelelwani esibuyeni na?" Awu, amawundlu awazalelwa ezindlini. Azalelwa ezibuyeni.

Futhi aholwa . . . baholela ekuhlatshweni njengewundlu. Futhi bahamba naye beMhola, beMholela phezulu eKalvari. WayeyiWundlu likaNkulunkulu, amen, kusukela ekusekelweni kwezwe. Uma ngicabanga ngakho, lapho. Nakho kufika iwundlu elincane lika-Abela. Nakho kufika iWundlu likaNkulunkulu.

145 Uma ngicabanga ngakho, inhliziyo yami ivele nje iphenduphenduke. Uma ngicabanga, mina, esimpofu, esingafanele, isoni esingamesabi uNkulunkulu, sifa singenaNkulunkulu, singenaKristu, ezweni, singenathemba! Futhi ngesikhathi esifaneleyo uKristu wafa esikhundleni sami, Omuhle, futhi waba ngodelelwayo nonqatshwayo, ukuze mina ngemukeleke ebusweni baKhe. Esikhundleni sami! O! Angikwazi nje ukwedlula kukho. Angikwazi nje ukukubona ngomcabango ukuthi Wayengangenzela kanjani lokho. Ngangingubani mina na? Manje-ke, wena uthi, “Ngabe Wakwenzela wena na?” Yebo.

146 UMoya oNgcwele uyafika, ungifunisisa, ngelinye ilanga, wase uthi, “Wakwenzela wena,” futhi ngaMkholwa. NgaMkholwa. Yebo, mnumzane. NgameMukela, futhi ngathola ukuthi kwakunjalo. Akunandaba ukuthi abantu babethe babeyini, “babeyizinhlanya,” kumbe noma kwakuyini; ngaMkholwa uNkulunkulu. Futhi ngi . . . Futhi Wenze khona nje Akushoyo.

147 Sengiyambona uAbela omncane. Bhekisisani manje. He! Sengiyambona uAbela ehamba futhi ethatha lomgilebhisi omncane, wasuka wathatha iwundlu leduna elincane, lokuqala emvukazini engumama omdala, wazongolozela lomvini entanyeni yalo. Nangu eza, elihudula. Kungekho-buhle obukhulu kangako kulokho, bukhona na? Elidonsela phezulu lapho. Wase elifikisa phezulu edwaleni elikhulu, lilapho ngasekupheleni kwempumalanga yesango. Manje qaphelani.

148 UKayini mhlawumbe wayesebenze ngokuzikhandla unyaka wonke, ukuba enze ukudla okusanhlamvu okuhle kunakho konke ayengakwenza, ecabanga ukuthi wayengathokozisa uNkulunkulu ngalokho.

149 Futhi abantu abaningi bathi, “Ngizoyeka ukuqamba amanga. Ngizoyeka ukweba. Ngizoyeka ukubhema. Ngizojikela kubantu bezinga elingcono. Ngizongena komunye umphakathi.”

150 Nakhu! UNkulunkulu akanandaba ngokuphenya kwakho ikhasi elisha. Ufuna wena uphendulele inhliziyo yakho kuKristu, futhi uMdedele akwenze. Hhayi lokho okungenziwa nguwe. Asisindiswa ngayo imisebenzi emihle, kodwa sithengwa ngesihawu saKhe. “Akuveli ngemisebenzi, ukuze umuntu angazibongi.” Ngokuba si—ngokuba singabakaNkulunkulu ngoba . . . Akuyi ngokuthi ngiyini, akuyi ngokuthi ngenzani, mina qobo lwami. Kuya ngalokho uKristu, kuNkulunkulu, angenzele khona nanenzele khona.

151 Qaphelani, umfanekiso omuhle. Nangu eza, ehudula iwundlu elincane, ehamba elidonsa. Sengathi ngiyambona umfo omncane ewa, mhlawumbe azi ukuthi yini eyayiseduze, ehudula izinyawo zakhe ezincane. Umfanekiso ophelele kaKristu ehudula isiphambano, iWundlu likaNkulunkulu ehla edabula eJerusalema, ewa, engasenamandla.

152 Nakhu kuza umfo omncane, ehambe ekhala ethi bee. Futhi lapho esembeke phezulu edwaleni elikhulu, embeka phezu kwedwala, ethatha ucezu lwedwala elicijile . . . Angazi, ngiqagele babengenayo imimese ngalezozinsuku. Wamlalisa kanjalo. Wamthatha ngesiphundu sekhanda lakhe, wase emdonsa *kanje*, wathatha i kni- . . . noma idwala, futhi uqala ukumnquma umphimbo wakhe omncane, nedwala liqala ukushaya lingena emphinjeni wakhe. Kulelodwala kwafela iwundlu, lopha, libhuduzela, igazi lisaphazeka, imithanjana yalo esa igazi emzimbeni selivela emaphashini isikwa, igazi lisandiza ndawo zonke. Uboya balo obumhlophe obuncane bacwila bababomvu ngalesosikhathi yigazi. UNkulunkulu wabuka phansi eseZulwini, wayesethi, "Yilokho-ke. Manje usukutholile. Yileyondlela." Igazi litshaza emithanjeni yalo emincane.

153 Kwakuyini na? NgeNdodana kaNkulunkulu, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye nento eyedlula, kulentambama. Waholwa esuka etilongweni. Wayiswa esihlalweni sokwahlulelwa; futhi esuka lapho, waya ehholo lokushaywa ngesiswebhu; esuka lapho, wenyukela eGolgotha, wadonsa enyuka igquma. USimoni, waseKhurene, eMsiza ukuthwala isiphambano. Futhi lapho, wafa, phezu kweDwala lemiNyaka, neGazi laKhe ashaywe laphuma kuYe. Umzimba waKhe unemivimbo. Haleluya! Izigaxa ezindala ezinkulukazi zezikhwehlela zamabutho abhinqayo ziphinyiselwe ebusweni baKhe. Futhi Wathi, "Uma uMbuso waMi ubungowalelizwe, beNgiyocela uBaba waMi, UbeyoNginika olegiyona beziNgelosi abebengafika baNgilwele. Kodwa lona akusiwo uMbuso waMi.

154 "Kodwa uMbuso waKho mawufike. Intando yaKho mayenziwe." Futhi uzobakhona ngithi masinya. "UMbuso waKho mawufike. Intando yaKho mayenziwe." O, he!

155 Ngenkathi uBilly Sunday esho, ngesinye isikhathi, ukuthi, "Kuzozonke izihlahla kuhlezi iNgelosi," wathi, "Uvele nje adonse isandla sakho sidedele bese ekhomba umunwe wakho, yilokho kuphela ofanele ukwenze. Sizowuxazulula phansi lapha umbuzo." He, akusilo iqiniso na!

156 UKayafase wabuka, wayesethi, "Wasindisa omunye; Yena uqobo Akakwazi ukuzisindisa." Kwakungukutuswa okukhulu kunakho konke kwasake Atuswa ngakho. Ukuba Wazisindisa yena uQobo, Wayengeke abasindisa abanye. Ngakho Wanikela ngokuphila kwaKhe, ukuze Asindise abanye. Haleluya! Amen.

157 "Thina sonke sinjengezimvu ezidukileyo; uNkulunkulu wabeka kuYo ububi bethu sonke. Yayiswa ekuhlatshweni njengemvu; futhi yaholwa njengemvu, ethule, phambi kwabagundi bayo, ayiwuvulanga umlomo waYo. Nokho Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu; isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwayo; nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Ubungalwenqaba kanjani uthando olungalinganiseki kangaka na? UkuMbona lapho Ehamba entengantenga enyuka ummango; ohluphekile, omncane, ongenamandla, umzimba ontengentenge ugoba phansi komthwalo!

158 Ngicabanga ngembongi ngenkathi ihlezi lapho ngalolosuku, yakushazisa, yase ibhala.

> Amadwala adabuka phakathi nezibhakabhaka ezibamnyama,
> UMsindisi wami wagobisa ikhanda laKhe wafa;
> Iveli elivulekile lembula indlela
> Eya ezinjabulweni zaseZulwini nosuku olungapheliyo.

159 UMsindisi onje pho! O, he! Besingake sikwenze kanjani, bengingake ngikwenze kanjani, ukuba ngenqabe uthando olungenakulinganiswa kangaka, laLowo Ongangenzela lokho mina nawe na?

160 Ngiyethemba, kulobubusuku, mfowethu, dadewethu, ukuthi nizoza. UNkulunkulu, leyo kwakuyindlela eyayihlinzekwe nguNkulunkulu. Yileyondlela yakho. YiLowo kuphela Ongenza noma yini ngawe. YiLowo owathatha indawo yakho. YiLowo omi kulobubusuku, uMhlengi ovukileyo, emi ngakwesokudla sikaBaba, kulobubusuku; okubona uncengela futhi unxusela sonke isoni esikulendlu, ukuba size kuYe. Ngethemba ukuthi nizokwenza. Ngethemba ukuthi ngeke nidedele leli—leliPhasika ledlule.

161 Bangane abathandekayo, sisekupheleni komgwaqo. Ngikholwa ukuthi sikhona, ngenhliziyo yami yonke. Sisezansi siya ekupheleni komgwaqo. Kwangathi iNkosi uJesu inganibusisa. Kwangathi Ingakwenza isidalwa esisha kuYo, kulobubusuku, ngumkhuleko wami. Kwangathi Inganihola. Ngesinye isikhathi e . . .

162 Kwakukhona impumputhe endala eBhayibhelini, egama lingu—nguBartimewu. UBartimewu omdala oyimpumputhe, wayenamajuba amancane amabili, sitshelwa ngumlando. Ukuthi lamajuba amancane ayevamise ukuhlala phandle futhi athi ukuketuka elinye nelinye, nabantu ba—babambe eyabo . . . Wayephatha inkomishi yakhe, bese kuthi-ke uma a—abantu befika, bawabuke lamahobhe amancane enza ukuketuka okuncane, futhi bawisele imali phakathi benzela

isinqibi esiyimpumputhe esidala. Wayeyindoda eganiwe futhi enentombazane encane. Wayengakaze ayibone intombazane encane, empilweni yakhe. Yayithi ayibe neshumi nambili, iminyaka eyishumi nane ubudala, esigabeni esilungiselela ukungena empilweni yakhe manje. Futhi wayehlezi . . .

163 Ngobunye ubusuku, kuthiwa intombazane yakhe encane yagula, futhi waya eNkosini. Wayesethi, "Nkosi, uma nje Uzongiphilisela intombazane yami encane, ngizoKunikelela ngamajuba ami amabili, kusasa." Ngakho ba . . . INkosi yayiphilisa intombazane yakhe encane, futhi wanikela ngamajuba amabili. Emva kwesikhashana, eyakhe . . .

164 Futhi into yokuqala niyazi, umkakhe othandekayo wagula, futhi wacabanga ukuthi waye . . . Bacabanga ukuthi wayezokufa. Ngakho uphuma uya eNkosini, ebusuku, ephumputha indlela yakhe egudla uhlangothi lodonga lwendlu yakhe. Waguqa phansi ensimini, wayesethi, "Nkulunkulu, Nkulunkulu, uma nje Uzosindisa impilo yomkami, kusasa ngizoKunikelela ngewundlu lami."

165 Manje, nizibonile izimpumputhe ziholwa yinja namhlanje. Baqeqesha lezozinja ukuba zizihole. Ngalezozinsuku, babeqeqesha izimvu ukuba zihole abantu, futhi ngakho wayene—ne—newundlu elalimhola ejikajika.

166 Futhi wathi, "Nkosi, uma nje Uzophilisa umkami, awu, manje-ke, kusasa ngizonikela kuWe ngewundlu lami." Nomkakhe wasinda.

167 Futhi ngosuku olulandelayo weyenyukela ethempelini, futhi wathi umpristi omkhulu, uKhayafase, wama mpo wayesethi, "Bartimewu oyimpumputhe, uyaphi?"

168 Wathi, "Ngenyukela ethempelini, O mpristi omkhulu, ukuyonikela ngewundlu lami. Ngethembise iNkosi, ukuthi uma Ingangiphilisela umkami, ngiyonikela ngewundlu lami."

169 Wathi, "Ngeke wanikela ngalelowundlu, Bartimewu, ngenxa yokuthi lelowundlu lingamehlo akho." Wathi, "Ngizokunika imali, bese uzithengela iwundlu kubathengisi ethempelini."

170 Kodwa uBartimewu wathi, "O mpristi omkhulu, angizange ngimethembise iwundlu uNkulunkulu; ngiMethembise *leli* iwundlu." O, he!

171 Angazi noma nizenzile yini izithembiso ezinjalo. Uma nibona leloWundlu elenele konke kulobubusuku, cabangani, "Nkosi, uma Uzongivumela ngisinde, ngizokwethembisa ngizoKukhonza; ngizokwenza konke engingakwenza. Uma Uzovumela ingane yami iphile . . . " Noma, nxa uma nomama wakho ubehlela phansi ethuneni, noma ubaba wakho noma abathandekayo bakho, "O Nkulunkulu, ngizobabona, ngiyobuye ngibabone futhi!" Angazi noma ubukusho ngokwangempela

yini lokho. Angazi noma leliPhasika lizofika lihambe wena ungakugcwalisanga lokho okwethembisile.

172 Waqhubeka wenyuka wase enikela ngewundlu lakhe. Uyabuya, kukhona omholayo macala onke.

173 Ngakho wathi-ke, uma esebuya, wathi, "Bartimewu, ngeke ukwenze lokho." Umpristi owahamba ukuyothatha iwundlu lakhe, wathi, "Ngeke walithatha leli. Ngeke wanikela ngaleliwundlu." Wathi, "Bartimewu oyimpumputhe, uyazi ukuthi lelowundlu lingamehlo akho na?"

174 Wathi, "Yebo, ngiyakwazi lokho. Kodwa ngethembise uNkulunkulu, noNkulunkulu uzohlinzeka iwundlu lamehlo kaBartimewu oyimpumputhe."

175 Esikhathini esingeside emva kwalokho, wayevevezela emakhazeni, ngolunye usuku; bezwa umsindo. UNkulunkulu wayesehlinzeke iWundlu lamehlo kaBartimewu oyimpumputhe. Weza ngomgwaqo. Wathi, "Owani wonke lomsindo?" Njalo kukhona umsindo lapho Ekhona. Wathi, "Owani wonke lomsindo?"

Wathi, "Oyedwa, uJesu waseNazaretha, wedlulile."

176 Walintshinga phansi ibhantshi lakhe, engabheki nokuthi lishone ngaphi; akabange esanaka ngaleyonkathi. UNkulunkulu wayehlinzeke iWundlu. Waqonda ngqo eWundlwini. Wathi, "O Jesu, Wena ndodana kaDavide, hawukela! Hawukela!"

177 Abantu abacebile nalabo ababemi emaceleni, ukuba basondele kumprofethi, enkosini; wathi, "O, thula, Akakwazi ukukuzwa."

Wayesememeza kakhulu kangako.

178 Abanye babo bathi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjengalolosuku."

179 Wamemeza kakhulu impela, "Wena ndodana kaDavide, ngihawukele! Ngihawukele." UNkulunkulu wahlinzeka iWundlu.

180 LeloWundlu elifanayo Alihlinzekela amehlo kaBartimewu oyimpumputhe, Walihlinzekela wena; eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye nento eyedlula, namhlanje, lapho Ekhuphuka eGolgotha, ngaleya, futhi Wazinikela yena uqobo, echotshozwe wagencwa yonke indawo.

181 Lalela, mngane. Khumbula, uAbela waphuma wayongena emhlambini wakhe wayesethatha iwundlu, wayeselibulala eblokweni lokunikela. Futhi . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kungcono nikubambe lokhu manje. UAbela wafela edwaleni elifanayo lapho iwundlu lakhe lafela khona.

182 Uyavuma, kulobubusuku, ukuba ufe uphele kuwe uqobo na? Uyavuma ukufa kuyo yonke imicabango yakho uqobo na? Lala edwaleni nje, neWundlu lakho lapho, futhi ufe

uphele. Uthi, "O Nkulunkulu, hawukela." Uma ngicabanga ngabesilisa nabesifazane abacabanga ngokuziqhenya, izinsizwa nabesifazane abayonikela izimpilo zabo ezintweni! Nowesilisa osemdala, futhi, becabanga ngomsebenzi wabo nangesithunzi sabo nangobukhelwane babo, noma yinto efana naleyo!

183 O, awugaqi ngani ukhuphukele eKalvari ngaleya, kulobububusuku na? Haleluya! Uvumele impilo yakho uqobo igencwe iphele, futhi ufele ngaleya esiphambanweni kanye naYe. Uphoseke ngezandla zakho zibambe i "Dwala lemiNyaka, qhekezekela mina, mangicashe kuWe. Lapho aseduzane, amanzi amadala egingqika, lapho isiphepho sisadlangile, ngifihle, o, Msindisi wami, ngifihle. Izwe malenze noma yini abafuna ukuyenza. Osiyazi bezenkolo mabenze noma yini abafuna ukuyenza; angiyifuni isayense yabo yezenkolo. Engikufunayo nguJesu Kristu enhliziyweni yami. Mangife neWundlu lami."

184 O, ngiyazi ukuthi kwakul'khuni kanjani ngalobobusuku ngenkathi ngihamba ngiyongena kuleyomishini yamakhaladi endadlana phandle lapho, nabobonke abafo abamhlophe bemi bezungeze lapho, bathi, "Nanguya eya emishini yamakhaladi." Kwakul'khuni. Ngenyukela lapho nginakho konke ukuziqhenya kwaseKentucky kimi, kanjalo, kodwa uNkulunkulu wathi, "Uma uLifuna, hamba ungene ngqo lapho." Futhi ngahamba ngangena ngqo lapho futhi ngaguqa phansi ealtare, futhi lapho ngahlala iWundlu laze la. . .Ngafa kumina omdala, uBill Branham, eminyakeni engamashumi amabili eyedlula. Haleluya!

185 "Ngabethelwa noKristu. Nokho ngiyaphila; akusimina, kodwa uKristu uphila kimi." Ngolunye usuku ngalokho kuvuka okukhazimulayo, lapho Efika, umzimba wami ungahle ukuba uphumule phansi kwesoyi phandle ngaleya. Kodwa uma sekwenzeka, uyobona utshani budeda futhi ngiyophuma, ngisemfanekisweni waKhe omkhulu okhazimulayo, eceleni kwemininingi yayo, haleluya, ngokuba ngiMazi eMandleni okuvuka kwaKhe.

186 Ngethemba ukuthi yilokho nonke enikwenzayo, kulobububusuku, gaqani niqonde phezulu eGolgotha ngaleya, kulobububusuku. Asithathe uhambo oluncane manje.

187 Ngenkathi, uzosinika indlela, uma uthanda, dade, ka *Eduzane, Nkulunkulu Wami, NaWe*. Sisa . . .

188 Wena uthi, "Umngcwabo lowo." Awu, mfowethu, uma sake sabakhona isikhathi esasidinga ngaso umngcwabo, sikhona manje, lapho abesilisa bezofa khona ekubeni yibo nasekuziqhenyeni.

189 Asikhothamise amakhanda ethu, ngokuthula manje, esasinika indlela encane, uma lokho kulungile.

190 O Nkulunkulu, o, uma ngicabanga ukuthi kwenzekani ngaleya! Mm! Ngisho namathambo ami ayathuthumela,

ukucabanga! Ngicabanga ngokubona leloWundlu, ngenkathi beLigenca, yebo, befaka ameva ekhanda laLo futhi bawuphushela phansi. Amabutho aMfela ngamathe ebusweni baKhe, ayesethi, "Wena Nkosi, manje yenza okuthize ngakho."

191 WayengumProfethi wabaprofethi. BaMbopha ngendwangu ebusweni baKhe, futhi baMshaya ekhanda laKhe, ngomhlanga, bathi, "Manje profetha, sitshele ukuthi ubani oKushayile."

192 Kodwa umprofethi wathi, "Akawuvulanga umlomo waKhe." Wayesekushilo.

193 Bazibopha ngqi izandla zaKhe, ngemuva kuYe. Baqhela, nesiswebhu esikhulu, futhi baMbhaxabula kwaze kwathi izimbambo zaKhe eziligugu zavuleka kwaze kwaba semhlane waKhe; iGazi ligobhoza ohlangothini lwaKhe, lincencetha emhlabathini. NgiyaMuzwa esehamba manje; ezicathulweni zaKhe ezingamasendli ngizwa igazi lixhifizeka. Lowo kwakunguImanuweli. Lowo kwakunguNkulunkulu, iGazi likaNkulunkulu.

194 Futhi ngibabonile bethatha, beMetshathisa lesosiphambano; leso esinamaqhuqhuva, esimahlimbihlimbi, isiphambano esimahlikihliki. Futhi nango Ehamba, sibekwe kulowomhlane onezilonda, Wehla ngomgwaqo. Uququaba lwabachwensi oluhewulayo, luhleka, luhlekisa ngaYe, "Nango ehamba lowomProfethi. Nango ehamba lowoJesu omkhulu. Nango ehamba lowomPhilisi wobuNkulunkulu."

Kodwa UyiNkosi yami! O Nkulunkulu, ngi . . . Mangikhwele kanye naYe.

195 Nango Ehamba, enyuka igquma. Ngiyababona abasha, abesifazane abagqoke uhhafu, behla benyuka, behlekisa. Amasoka abo, begonana, lapho benyuka egqumeni. Mfowethu Ward, akukashintshi kakhulu kangako namanje.

196 Ngiyawabona amalunga amakhulu ebandla, ethi, "Bukani, yilowayaMfo owayezohlakaza ibandla lethu; eshumayela ephikisana nomelusi wethu. Mbukeni manje!" Kodwa umprofethi wathi kufanele kube ngaleyondlela. WayeyiWundlu likaNkulunkulu.

197 NgiyaMbona lapho Ephendula ikhanda laKhe, nezikhwehlela zidilikela entshebeni yaKhe. Ekweqa amehlo aKhe ewabhekisa eZulwini; ebubula, futhi ethi ukuqhubeka kancane.

198 Nkosi, ngokukholwa, ngifuna ukuhamba lokho manje kanye naYe. Ngifuna ukuMmbambatha emhlane, ngithi, "Nkosi, ngizoma lapha. Ngitshele nje ukuthi angenzeni ngizokwenza. NgiKubonga kakhulu, Nkosi!"

199 Ngaleya egqumeni, ngenkathi beMlalisa phansi, bedonsa izandla zaKhe eziligugu ngemuva. Lezozandla ezamela imfiva; lezozandla ezathi . . . kulowomfana womfelokazi

ozihluphekelayo, lapho sithinta ishiya lakhe, noma ibhokisi lomngcwabo ikhaskhethe ayelele kulo; uyaphila.

200 Lowo Owabiza uDorka wabuye waphila. Lowo Owabiza indodakazi kaJayiru yaphila. Lowo Owathi, "Lazaru, phuma." Lezozindebe ziyopha manje, zome-nkwe, ziyakhala.

201 Lapho izipikili ezinkulu zonya zingena ezandleni zaKhe nasezinyaweni zaKhe! "Babhobozile izandla zaMi nezinyawo zaMi," kwasho umprofethi, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa kungakenzeki. Kwakuyini na? KwakuyiWundlu lika-Abela. Lapho baMbhaklaza phansi emhlabathini, nenyama yadabuka. Umzimba wakhe ongasenamandla uvevezela.

Wathi, "Ngomile." BaMnika uvinika.

202 Bathukuthela babhinqa, futhi bahlekisa ngaYe, bathi, "Wena msebenzi wezimangaliso omkhulu, yenza okuthize ngakho manje."

203 Kodwa ngaleyonkathi izibhakabhaka ziqala ukuba-mnyama, unyazi luqala ukubaneka. UNkulunkulu wayefihla ubuso baKhe; Wayengasakwazi ukukumela. O Nkulunkulu, kufanele ukuthi isono sasinonya kangakanani! Unya kangakanani, unya kangakanani, olwabangela Lowo olungileyo ukuba enze lokho. Ngisho inani elingaka Alikhokhayo kwaze kwathi noNkulunkulu qobo lwaKhe wafihla ubuso baKhe. IziNgelosi zamboza ubuso bazo ngeveli futhi zabheka eceleni, ukuba zikhale izinyembezi kanye naYe. Inyanga nezinkanyezi akubange kusaqhubeka. Akubange kusakhanya. Yena impela uNkulunkulu owakudalayo wayefa esiphambanweni. Futhi Wagobisa ikhanda laKhe.

204 Ngaphambi kokuba Enze lokho, Wabuka phansi lapho kulabobantu begembulela ingubo yaKhe, kugcwalisa lokho okwashiwo ngumprofethi. Wathi, "Baba, bathethelele; abakwazi abakwenzayo." Konke kusothandweni, iWundlu lika-Adamu, iWundlu elihlinzekwe nguNkulunkulu, elihlatshiweyo selokhu kwasekelwa umhlaba. Wafela lapho, engenamngane, eshiywe ngisho nawuNkulunkulu qobo lwaKhe. UNkulunkulu, futhi, manje-ke, uBaba waKhe uQobo, eMshiyile; opha.

205 Nokho, sihamba sijikeleza sihleka, sitamasa, kube sengathi nje akwenzekanga lutho.

206 O Nkulunkulu, kwakuyileloGazi! Ngenkathi ngaleya esibhedlela, udokotela wathi "uyafa," kwakuyileloGazi elangiphilisayo. Umfana oyisoni esidadlana ehla enyuka lapha, kwakuyileloGazi elithethelela izono zami. KwakuyileloGazi elathatha . . . elingikhiphe ekuzitikeni ngemikhuba emibi endaweni engangihlala kuyo, futhi langihlalisa futhi langenza indodana yaKho. O, . . . ? . . . neWundlu elifayo, IGazi laKho eliyigugu! Ngigcine eduze kwesiphambano, Nkosi.

207 Lowo ngumbono wami. Yilokho okuyikho ngaleya, uthando, yonke inhliziyo kaNkulunkulu enkulu yehlela lapho. Nakho konke okuza ngaYe akuyikwenqatshwa. Bayokwemukela bonke ukuPhila okungunaphakade. "Oza kiMi aNgisoze ngamlahlela ngaphandle."

208 Nkulunkulu, kwangathi wonke umuntu ngamunye lapha angaya ekhaya, kulobubusuku, benalokhu emqondweni wabo, becabanga ngokuthi, "UMhlatshelo onje pho! Kwabizani ukuhlenga na? Kwambizani uNkulunkulu na?" Akuzange kusibize lutho thina. Kwabiza uNkulunkulu iNdodana yaKhe. Kwabiza uNkulunkulu inani elikhulu kunawo onke. Kwabiza uKristu ukuphila kwaKhe. WayeyiNtebe yaseSharoni; kodwa ukuthola iphunga elimnandi entebeni, ufanele uyigxobe. Ukuphila kwakhe okuhle kwagxotshwa, eyiNsizwa eneminyaka engamashumi amathathu-nantathu nengxenye, ukuze siphile.

209 Eduzane, Nkulunkulu wami, naWe! Hlala eduzane kwami, Nkosi. Hlala eduze kwami. Futhi uma ngifika ekupheleni kwalomgwaqo, impilo yami isiphela, Nkosi; kwangathi Yena, Owafa lapho, angeza eduze kwami ngaleyonkathi. Kwangathi wonke ophakathi lapha angaba kanjalo naye.

210 Kusasa, Nkosi, noma ngomhlomunye, kungcwatshwa owesifazane omncane owake wahlala kulelibandla ngesinye isikhathi, elalele intshumayelo. Wena wazi konke ngaye manje. Uma eza, uphephile. Uma engezanga, usephelile.

211 O Nkulunkulu, hawukela. Kwangathi wonke owesilisa nowesifazane, lapho besuka kulendlu kulobubusuku, baye emakhaya abo; bahambe, becabanga ngokuqinisile, "Akukho lutho ezingalweni zami; kuphela nje esiphambanweni saKho." Futhi kwangathi yilowo ngamunye afele kulesosiphambano.

212 Nkosi, ngiselapha kulelipulpiti kulobubusuku, lesisakhiwo sikakhonkolo esidadlana, ngehlukanisela Wena impilo yami. NgiyaKubonga ngalokho Ongenzele khona. Futhi ngizehlukanisela mina kabusha, ngalesisikhumbuzo sobusuku bokubethelwa kuWe. Ngithathe, Nkosi. Ngithethelele, onke amaphutha ami nezinkathazo. Ngenze ngiqine futhi ngibe namandla, Nkosi, eMoyeni kaNkulunkulu, ukuze ngiKuzuzele imiphefumulo.

213 Futhi busisa lelibandla, ngokuba sikucela eGameni laKhe. Thethelela zonke izoni. Buyisa bonke abahlubuki.

214 Sisabhekise amakhanda ethu phansi, nawo wonke owesilisa nowesifazane oyisoni phakathi lapha njengamanje, abafana abancane namantombazane, nonke. Abanye benu bafo abasebasha emuva lapho, ngadingeka ukuthi ngikhulume ngokuhlabayo kini, ngobunye ubusuku. Ngiyakuzonda ukwenza lokho. UNkulunkulu abusise izinhliziyo zenu. Ningahle ukuba nacabanga ukuthi uMfowethu Branham wayenesihluku, kodwa ngi—ngiyanithanda. Ngike ngahlala lapho enaqala khona.

Ngiyazi ukuthi kuyini; yingalesosizathu ngasho lokho, ngibone ukuthi beningeyithande nje yini iNkosi yethu. Ngikhulekeleni, khulekelani ukuthi lesi kuzoba yisikhathi sokuzehlukanisela sami. Abanye benu bomama nobaba, abantu asebebadala, senzeni lesi kube yisikhathi sokuzahlukanisela, njengamanje, ningakwenza na? Memukele enhliziyweni yakho. Mkholwe ngomphefumulo wakho wonke.

215 Manje amakhanda ethu esakhotheme, ukhona ongathanda ukukhunjulwa emkhulekweni na? Uma ningathanda, phakamisa isandla sakho nje, thana, "Mfowethu Branham, ngikhumbule. Ngifuna ukusondela kakhulu kuNkulunkulu." Kulungile, amadazini ezandla.

216 Baba, bakhumbule bonke. Ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona; bazoba nokuthula. Njengoba izinyembezi zehla ngezihlathi zethu futhi ziqathakela lapha, nezami, epulpiti. Abanye babo namaduku. Abanye babo, abakhulu, ababukeka bekhuluphele, indoda enesihluku phakathi lapha, behlezi lapha phambi kwami, izinyembezi zigijima zehla ebusweni babo nezihlathi ezinembimbi. Semukele, Nkosi. Sithethelele sonke eBukhoneni bobuNkulunkulu balokhu. Nkulunkulu othandekayo, kulobubusuku, sithethelele, Nkosi, basha nabadala. Kwangathi singasindiswa ngaloloSuku, futhi sisiwe eMbusweni waKho, ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

217 Manje seningama ngezinyawo zenu, ngokuthula. Manje yibani nilokhu nikhothamise amakhanda enu. Kancane:

> Eduzane, Nkulunkulu wami, naWe, eduzane naWe;
> Ngisho noma kuba yisiphambano esingivusayo;
> Iculo lami lonke lisayoba . . .

218 [UMfowethu Branham ngokuthula ukhulekela abantu—Umhl.] "Nkulunkulu, Nkulunkulu waMi, Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na?" Woza, Nkosi, busisa lezizinhliziyo. [UMfowethu Branham uyaqhubeka ekhuleka nabantu.]

219 Nizothi nje, ngokuhlonipha, ngaphandle kokukhuluma noma wubani, nhlobo, ngaphandle kokusho nalinye izwi, nje niphume endlini, ngokuthula manje, futhi niye emakhaya enu. Jika nje bese uya ekhaya lakho manje. Ngaphandle kokusho izwi, jika uphume. UNkulunkulu abe nani.

220 [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane lapho ibandla liqala ukuphuma ngokuthula endlini, ngenkathi umshayi ogani nomshayi wopiyano eqhubeka nokushaya u *Eduzane, Nkulunkulu Wami, NaWe*—Umhl.]

221 "Thina sonke sinjengezimvu ezidukileyo; iNkosi ibeke phezu kwaYo bonke ububi bethu. Kepha Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, Yachotshozwa ngobubi bethu; isijeziso

sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo." . . . ? . . . "Kodwa thina sathi Ijezisiwe, ishayiwe, ihlushiwe."

222 [UMfowethu Branham uqhubeka ngokuthula ekhulekela abantu, ngenkathi umshayi we ogani nomshayi wopiyano beqhubeka beshaya u *Eduzane, Nkulunkulu Wami, naWe*—Umhl.]

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org